


# UKUSUKA KUMTHETHO-SISEKELO WESIKHASHANA UKUYA KUMTHETHO-SISEKELO OMUSHA

## UMTHETHO-SISEKELO WESIKHASHANA

- waqala ukusebenza mhla ka-27 April l994, kanti yiwo umthetho-sisekelo osebenzayo wase Ningizimu Afrika;
- zonke izinhlangano ezazibandakanya kuzingxoxo zase-World Trade Centre zabonisana ngawo.
- lona nguMthetho-sisekelo wesikhashana, ozosebenza njengo Mthetho-sisekelo wase Ningizimu Afrika kuze kufike isikhathi lapho uMthetho-sisekelo omusha uqala ukusebenza.

## UMTHETHO-SISEKELO OMUSHA

- Umthetho-sisekelo omusha ubhalwa nguMkhandlu woMthetho-sisekelo, wona ohlanganisa wonke amalunga angu 490 oMkhandlu kaZwelonke kanye neSinethi.
- UMkhandlu woMthetho-sisekelo uzobhala uMthetho-sisekelo ohlongozwayo.
- WUYACELWA ukuba usize, lokhu ungakwenza ngokuthumela imibono yakho kuMkhandlu woMthetho-sisekelo, kanye nangokuphawula ngombhalo woMthetho-sisekelo omusha ohlongozwayo .
- emva kokuba ubeke umbono wakho, lomthetho-sisekelo ohlongozwayo uyothunyelwa eNkantolo yoMthetho-sisekelo, eyowuhlola ukuthi iziMiso zoMthetho-sisekelo ngabe zilandelwe yini.
- lo Mthetho-sisekelo ohlongozwayo uyobe sewuthunyelwa kuMongameli ukuze awusayine.
- uMongameli uyomemezela uMthetho-sisekelo omusha kuGazethi kaHulumeni, asho nosuku ozoqala ukusebenza ngalo uthathe indawo yoMthetho-sisekelo wesikhashana kube yiwo uMthetho-sisekelo omusha waseNingizimu Afrika.

**It's your right to decide your Constitutional rights.**

For further information please contact the Constitutional Assembly
PH: (021) 245 031 FAX: (021) 241 160/1/2/3
E-MAIL: conassem@iaccess.za
PO BOX 15, CAPE TOWN, 8000

© DESIGN: TYPEFACE MEDIA (021) 461 5457